



CEZ' EMTOTI

I-SIZANA CLINIC ISIVULIWE...



OKUPHAKATHI:

<i>Ukuvulwa ngo-kusemthethweni kweSizana Clinic.</i>	1
<i>Long Service Awards Ceremony</i>	2
<i>New Appointments</i>	3
<i>Words of wisdom</i>	3
<i>Farewell to Group 11/2003</i>	4
<i>Farewell to Mrs M.T. Zulu</i>	4

Kwakuthokoze wonke umuntu mhlazane kuvulwa ngokusemthethweni umtholampilo waseSizana ngungqongqoshe wezempiro kwaZulu-Natal umhlonishwa N.P. Nkonyeni.

Umhlaka ka 22 October 2005 kwaba usuku olungakholakali kwabaningi. Lolusuku kwakungusuku olwalulin-dwelwe ngamehlo abomvu. Amalungiselelo alolusuku aqalwa ngemuva kwezinyanya eziyisikhombisa. Umphakathi, Izinduna, Amakhosi, amakhansela, abalimi kanye nezikhulu zaseSizana babephelele ngothi lwabo ukuzozibonela mathupha ungqongqoshe ezovula umtholampilo.



Mnu. Du Plusses (umlimi wendawo) wayevunule ephelele ngezakhe.

Ngesikhathi samalungiselelo omcimbi wokuvulwa kweSizana umphakathi wakhona wadlala indima enkulu besebenzisana nemkomidi lomtholampilo. Umphakathi wakwazi uku-



Ukuufika kukaNgqongqoshe ehambisana noNkk. K.I. Phewa (left) kanye noNkk. D.T. Simelane (right)

qoqa imali eyafinyelela ku R 6 938 00. Lemali yatholakala ngokuthi umphakathi wendawo ubhukule nokufisa ukuthi umtholampilo wabo uvulwe nawo ngokusemthethweni. Kwathi nangosuku lomcimbi umphakathi wawuzibambe wona mathupha ezimbizeni. Omama bendawo kwakuyibona ababegayile, bapheka benza nojeqe namadombolo.

Izinduna zendawo zasebenza kakhulu ekushumayeleni ivangeli emphakathini ubaziza ngokuqhubekeyo emtholampilo kwaze kwafika usuku lomcimbi.

Enkulumeni kangqongqoshe wagcizelele kakhulu ngesifo sengculazi nesandulela sayo. Wabuye wagcizelela ukuthi umphakathi mawutshale udle ukudla okunempilo njengemifino. Wabuye wathi nengxube evamise ukushiwo nguNgqongqoshe

Manto Tshabalala-Msimang efaka i-olive oil kanye nolamula kuyasebenza kakhulu.

Wabuye wancoma kakhulu umphakathi waseSizana ngokuphatha kahle umtholampilo wabo bawugcine usesimeni esinjena. Wabuye wabongakakhulu abagqquqquzelu nabahleli balomcimbi omuhle kanga.

Abaphathi besibhedlela sak-



Ungqongqoshe wayexhawula ebingelela izikhulu ezinye kanye namalungu omphakathi.

waCeza nabo badlulisa ukubonga okukhulu kubona bonke abantu abenze lomcimbi ube yimpumelelo.



Kwabe:ekuphethwa ngokuvulwa kwetshenguNgqongqoshe, Mnu.Z.J. Buthelezi kanye noDkt. R.N. Mokoena ongumphathi wesikashana wesibhedlela sakwaCeza.



*Kwakukuhle
kwethu...*



Mr Sphamandla Mhlophe wayengum-phathi wohlelo



Isikhulumisošuku uNkk. L.N. Sime-lane wašeDistrict Office

LONG SERVICE AWARDS CEREMONY

Umhlaka ka 28 October 2005 kwakungusuku lwamabhungu kanye namatshitshi aseqede iminyaka engamashumi amabili (20) nasebeqede iminyaka engamashumi amathathu (30) besebenzela umnyango wezempi lo esibhledela sakwaCeza.

Abaphathi besibhledela bathi abathathe lelithuba ukuthi babahalaisel e futhi babonge ngokuzimisela bezikhanda ukuze bahlangabezane nemibono kanye nezinjongo zesibhledela ekulashweni

kweziguli.

Abasebenzi ababongwa babengamashumi ayishagalombili nesishiyagalolunye (89) izintombi nezinizwa. Ngeshwa abanye sebadlula emhlabeni kodwa izihlobo zabo zabakhona ukuzokwamukelela izitifiketi zabo.

Mnu S.G. Mtshali okunguyena 'mphathi emnywangweni wezabasebenzi esibhledela sakwaCeza.



Ikwaya yomculo yesibhledla yayinandiša ngomculo omnandi kakhulu.



U-Nkk. M.T. Zulu owayengumphathi wakwaCeza wayephana ngezitifiketi...





*A warm welcome to new staff at Ceza Hospital
“Siyanamukela esibhedlela Kwa-Ceza ngezandla ezifudumele”*



Ithende ialigwele liphuphuma izicukuthwane kanye na-baphelekezelibabo.

halwe ebusweni kulezintokazi nezinsizwa ukuzwa ukuthi babaluleke kangaka emisebenzini yabo eyahlukene. Kwabathokozisa kakhulu ukuzwa lwamazwi amnandi kangaka evela kubaphathi.

Zazinhle izintombi nezinsizwa zidelile wawungafunga ukuthi ngabdlali bezithombe zikamabona kude ngendlela ezasiswenke ngayo nangendlela ababethokoze ngayo. Abazange bakhole ukuthi yibona laba abayizitatanyiswa ezingaka.

Ezinkulumweni ezazikhona ngalolusuku amazwi okubonga umdali ukuthi ubagcine kwaze kwabala ayengapheli kuzonazonke izikhulumi. Okwesibili b a b e b o n g a u k u k h u t h a l a , u k u z i m i s e l a kanye nokuzikhanda kwalezintombi nezinsizwa. Intokozo yayib-



Ubuhle okwabukhona akubuzwa izithombe zikusho konke, uyazibonela...



NEW APPOINTMENTS



U-Group 10/2005 enza into yamehlo em-cimbini wokuvalelisa uNkk. M.T. Zulu.

Ezinyangeni ezingengakhi ezedlule isibhedlela sakwaCeza sabuseka kakhulu ukuthola odokotela ababili u-Dkt. Phindane kanye no-Dkt. Mpilo. Bafike ukuzokwandisa kulaba abathathu abekadebekhona. U-Nksz. Sbongile Mthalane onguso-nhlalakahle naye usekhona.

Ezinyangeni ezimbili ezedlule sabe sesithola iqembu labazofundela ubuhlengikazi elisha lezintombi nezinsizwa. Lezizintokazi namabhungu asebonise ukubumbana ngezinyangane ezimbili, ngisho ngoba indlela abacula ngayo sekungathi baneminyaka bendawonye.

Lamabhungu namatshitshi asemawodini njen-gamanje, asesiza umphakathi wakwaCeza.

WORDS FROM DR. R.N. MOKOENA (ACTING HOSPITAL MANAGER) TO ALL CEZA HOSPITAL STAFF...

Year 2005 has been a very challenging year due to the continuous revitalization of the institution and that includes:

budget goes into it.

◊ BUILDINGS

We all know Ceza hospital has got old structures, which requires constant face lifting.

◊ SERVICE DELIVERY

Bad working environment, poor infrastructure (bad roads) and increasing services the hospital renders. All that has a big negative outcome on service delivery.

Despite of all the challenges, we worked hard as a team to make things happen.

Ceza Hospital Management sincerely thanks you all for the commitment you have shown and **we wish you a Merry Christmas and prosperous New year.**

**GOD BLESS YOU ALL
THANK YOU.**

FAREWELL TO GROUP 11/2003

Ceza Nursing College has released two groups of students in the same year – 2005. Group 11/2003 is the second group that passed the examination in 2005.

"We first saw your applications at the Central Selection. It was just a peace of papers. We met with you face to face at the Training College; you then became our own children. We develop love for you guys. You were sent to wards and we receive good and bad reports about you. Now you are leaving Ceza to other Hospitals. Whatever you will be doing, be a good example of Ceza Nursing College" said the Nursing College Principal Mrs N.K. Mthethwa.

Oh my God!! the students were so stunning. It was such a nice and painful day where student were imitating their Nursing College Tutors and the Principal. Farewell guys be good where ever you are going....



Group 11/2003 with Mr; Ngcobo (Tutor) were so gorgeous.




Mrs. N.K. Mthethwa Nursing College Principal



Group 11/2003 were singing their goodbye song

Sas'jive neMafik'zolo guy at Ceza Hospital.

**"WITH
PASSION WE
GIVE
QUALITY
LIFE"**



HAMBA KAHLE STHULI SIKANDABA!!

Kuzona zonke izinto ezen-zekayo kuyaye kuthiwe kusuke sekufike isikhathi. Angeke ngikuphikise kakhulu ke lokho ngoba kusho indoda 'mnyama emlomo'bovu (ibhayibheli).

Kwezinye izikhathi angihambisani nakho. Ukuhamba kukamphathi onohlonze na-



U-Nkk M.T. Zulu ewayengum-phathi wesibhedlela sek-waCeza

mava angaka akujabulisi-sanga muntu kubasebenzi besibhedlela sakawaCeza.

Akuse nani shame!! Uyid-lalile indima yakhe futhi kwabonakala lapho ed-lule khona.

Hamba kahle ntombi kaMathonsi lokhu okuhle okwenzele uCeza ukwenze naseFilidi...